



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA 12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2008

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayisi-8.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephу EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa.

ISIQEPHU B: Ukufingqa.

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi.
3. Abahlolwayo mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
5. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA**UMBUZO 1****1.1 Fundisa le ndatshana engezansi, bese uphendula imibuzo ezolandela.**

Ngaso sonke isikhathi uma uHulumeni ememezela izinhlelo ezizodla izizumbulu zezimali, uyaye aqhakambise ukuthi kuzoba namathuba emisebenzi amanangi kakhulu. Ngenxa yokuthi lezi zethembiso zize zisakazwe nasemithonjeni yezindaba ethanyelwa yizinkumbi zabantu abantula le misebenzi, amathemba abamakhulu okuthi ikati lizoxosheka eziko.

Kube isimo esifuze lesi kule minyakana edlule ngesikhathi leli zwe lethu ligidlabezwa ngu-FIFA ngelungelo lokuhlela imidlalo yebhola yeNdebe yoMhlaba yezi-2010. Imibiko eyayithi kuzokwakhiwa izinkundla ezintsha zebhola ezizodla izigidigidi zamarandi cishe kuzo zonke izifundazwe zakuleli yaletha amathemba okwanda kwamathuba amanangi emisebenzi. Nembala kumanje nje uyasha lo msebenzi, futhi eziningi zalezi zinkundla seziyaqala ukucaca ukuthi zizokuma kanjani uma seziphothuliwe.

Ezinye izindawo ezisezinhllelweni zokulungiswa kabusha kumbe ziqalwe phansi, yizikhumo zezindiza. Kumanje nje ubuphekupheku esikhumulweni esikhulukazi sakuleli, i-OR Tambo International Airport, eGoli. Lesi sikhumulo siyanwetshwa, ngayo belu inhoso yokubhekana nezinkumbi zabalandeli bebhola ezizotheleka kuleli ngowezi-2010 ziphuma kuwo wonke amagumbi omhlaba. Ngikhuluma nje nokwakhiwa kwesikhumo okudala kukhulunywa ngaso i-King Shaka International Airport, enyakatho neTheku, sekuqaliwe. Ogandaganda behla benyuka kuleli shashalazi belihlelemba. Ziningi nezinye izinto ezisezinhllelweni zokwakhiwa nokuvuselelwa. Lapha kubalwa amahhotela amasha, okwethenjwa ukuthi kuyothi kufika unyaka wezi-2010 ebe esekulungele ukwamukela izinkulungwane zezivakashi.

Kukho konke lokhu, okuthanda ukujabhisa kakhulu yilezi ziqubu zeziteleka eziokhu zizwakala lapha nalaphaya. Cishe sekuze kwaba cabili kubikwa ukuthi ukwakhiwa kwenkundla yaseKapa, i-Greepoint Stadium kume nse. Phela izisebenzi zenkontileka eyakha le nkundlakazi zisuke sezibeke phansi amathuluzi ngoba zinezikhalo ngezimali nangokunye. Zolo lokhu kubikwe okufanayo eThekwini njengoba kuzwakale ukuthi izisebenzi ezakha inkundla i-Moses Mabida nazo seziqome ukubeka amathuluzi phansi ngenxa yesikhalo sazo njalo izimali nangezinye izimo zokusebenza. Kungenzeka ukuthi lezi ziteleka ngeke zibe nemiphumela embi yokubambezeleka ukwakhiwa kwalezi zinkundla okuyinto engaholela ekubeni zingaphothulwa ngezikhathi ezizinqunyelwe.

Phendula le mibuzo elandelayo:


1.1.1 Nikeza incazelo yala magama alandelayo:

- (a) Isikhumulo sezindiza
- (b) Izinkumbi zabantu

(1)
(1)

- 1.1.2 Zitholakala kumaphi amadolobha lezi zikhumulo zezindiza ezilandelayo:
- (a) O.R. Tambo International Airport (1)
 - (b) King Shaka International Airport (1)
- 1.1.3 Bhala igama lenhlangano elisetshenziswe esiqeshini eyengamele ibhola emhlabeni jikelele. (1)
- 1.1.4 Ukuteleka kwezisebenzi kunomthelela muni ekwakhiweni kwezinkundla zebhola? (2)
- 1.1.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni:
- (a) Ukubekwa amathuluzi phansi (2)
 - (b) Uyasha lo msebenzi (2)
- 1.1.6 Ngokubona kwakho yikuphi okunye okungaba yimbangela yokuteleka kwezisebenzi? (2)
- 1.1.7 Yiqiniso noma umbono ukuthi bonke abantu bakuleli zwe bazozuza ngonyaka wezi-2010? Sekela impendulo yakho. (3)
- 1.1.8 Izinhlelo zikaHulumeni zokwakhiwa kwezikhumulo nezinkundla kungezinye zezindlela eziveza amathuba emisebenzi. Uyavuma noma uyaphika? Sekela. (3)

1.2 Bukisia lo mfanekiso olandelayo, bese uphendula imibuzo ezolandela.



- 1.2.1 Ucabanga ukuthi ugogo ulaliswe yini? Bhala OKUBILI. (2)
- 1.2.2 Ngabe lo gogo udayisa ezikoleni zamabanga angakanani? Sekela ngegama ELILODWA elisesithombeni. (2)
- 1.2.3 'Yalala intombi endala.' Yimuphi umuzwa ovezwa yila mazwi. (1)
- 1.2.4 Ngabe uyavuma noma uyaphika ukuthi ugogo uthanda imfashini? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.5 Yiziphi izimo ezenza ukuthi ogogo bazithole sebedayisa esikhundleni sokuziphumulela emakhaya. Yisho OKUBILI. (2)
- 1.2.6 Ngokomndeni, ugogo uzala bani? (1)
- 1.2.7 Yikuphi lokhu kuganga kopikinini okuqondwe kulesi sithombe? (1)

AMAMAKI ALESI SIQEPU: **30**

ISIQEPU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundiswa lesi siqeshana ngokucophelela, bese uyasifingqa ngamagama akho angama-50 kuya kwangama-60. Sebenzisa imisho engevile kweyishumi uma ufinqqa.

Kuningi okuguquka sikubona. Kuningi futhi okusafanele kuguquke kuye phambili. Kwezokuhalisana kugcizelewa ukuthi noma uguquko, lwenze ka njalo, kufanele isiko nosikomphilo lwethu kungaguuki masinya. Yilokho okwenza kube nokuxhumana kwempilo, okunganqamuki. Uguquko olukhulu ebukeka kuyiyo eseyamukeleka emphakathini wabaNsundu ukuthi izindawo zabadala seziyisiphephelo sabo.

Uma sikhuluma ngabadala kanye namakhaya abo, kufanele sibathathe ngenhlonipho kusukela olimini kuye kufike ezenzweni. Bheka nje khona lokhu ukuthi uma ukhuluma nomuntu omdala osegugile, ukhulume noma kanjani ungakhombisi inhlonipho. Ayiphathwa-ke eyokuthunywa ngoba izingane zivele zinqabe uma bezithuma. Mayelana nezinguquko, akukabi nsuku zatshwala lapho iningi lethu belivumelana ngokuthi ukusa abantu abadala kula makhaya akhiwa nguhulumeni noma ngomasipala, kufana nokubalahla. Abanye bebelimisa ngesihloko elokuthi yingoba bengathandwa nokunganakekelwa. Manje sekuyabonakala ukuthi sekwasebenza wonke umuntu ekhaya. Kokunye kusala izingane ezisafuna umsebenzi kodwa ezingakufundanga noma ezingakuthandi ukunakekela abantu abadala ngisho abazali bazo imbala. Kuningi ukukhathazeka ahlangana nakho umuntu omdala ehlezi ekhaya.

Ithuba elihle lokuthi abadala bazikhethetele ukuyohlala emakhaya abakhelwe wona. Kulesi sikhathi samanje ukuhola usekhaya kusho lokhu: ukuthathelwa imali yakho yizingane zakho ngenkani zize zikushaye; ukuncishwa ukudla okuthengwe ngemali yakho; ukuthathelwa imali ngenkani kuyokwenziwa izinwele, kuzulwe, kubuywe sekwazalwa izingane ezidinga ukondliwa ngayo le madlana yempesheni. Abanye banikezwa ukudla okubolile ngoba sekuphele khona. Imali yabo isuke isithathiwe yayokwenza okunye. Phezu kokuthi abadala bekhokhela abazukulu esikoleni uma abazali sebashona, noma bekhona kodwa kuyaqhube ka abantu abadala bahlukumezeke. Abanye abadala bahlukumezeke khona laphaya emholweni. Badayiselwa izinto ngenkani, bazithenge noma bengazifuni. Sengathi lezi ndawo zabadala zizogcina ziysisiphephelo kwabaningi. Okudingekayo ukuba lezi zindawo zibukeke, zigcineke nomphakathi ufake isandla noma kungavele lutho olubi.

AMAMAKI ALESI SIQEPUH: **10**

ISIQEPU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

- 3.1 **Fundisa lesi siqeshana esilandelayo bese unika igama ELIODWA elizomela lawo adwetshelwe. Phinda usibhale isiqeshana ususebenzisa amagama afanele.**

Khetha kulawa alandelayo:

inyanga; umthakathi; insimu; umphakathi; wakwamakhelwane; uhlaka

UMaMkhize wayenenhlizyo embi kabi kodwa wawungeke ubone ngoba uma ethuke ekubona wayekuhlekisa kuqala kanti uyazenzisa. Abanye bebaye bathi (i) bambona ebusuku egibebe imfene. Kulezi zinsuku kuke kwagula umfana (ii) wasemzini oseduze kowakhe, nakhona kwasolwa yena. Lowo mfana usizwe ikhehla (iii) elelapha ngemithi. Lafika ekuseni liphelezela (iv) ngumfana olithwalela izikhwama. (v) Abantu bonke abakhele kule ndawo abasafuni nokusibona lesi salukazi esinguMaMkhize.

(5)

- 3.2 **Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.**

Impilo ibalulekile. Kuyadingeka ukuthi uhlale uzinakekela ngaso sonke isikhathi. Abaziyo bayaye bathi uphila kanye kuphela. Kubalulekile ukunakekela impilo ngezindlela eziningi ezahlukene. Kuyadabukisa ukubona abantu besifazane besebenzisa yonke into abahlangana nayo egameni lokuthi banakekela imizimba yabo. Bakwenza lokhu ukuthokozisa abantu abahlekisana nabo. Okungena emzimbeni makuqashelwe impela ukuthi kuzoba namphumela muni, kungaba ukudla; iziphuzo kanye nezidakamizwa ezisemthethweni. Izidakamizwa ezisemthethweni kungaba yilezo ezitholakala ngencwadi kadokotela. Lezo ezingekho emthethweni, kungaba umthunzi wezinkukhu, 'amaphilisi' 'nomjovo' nokunye. Uma uthanda impilo uphinde uyinakekele, ungaphila isikhathi eside.

- 3.2.1 'Kubalulekile ukuphuza imithi oyinikwe udukotela.' Igama udukotela libolekwe kuluphi ulimi, kanti futhi lichaza ukuthini? (2)
- 3.2.2 Akha umusho ombaxa ngale misho eqondile elandelayo:
Ukudla okunempilo kubalulekile.
Ukudla okwakha umzimba. (1)
- 3.2.3 Ngabe lo musho olandelayo uyisitatemende, umbuzo noma umyalelo? Sekela impendulo yakho.
Kuyadingeka ukuthi uhlale uzinakekela ngaso sonke isikhathi. (2)
- 3.2.4 Nciphisa igama elithi, 'umuntu' kuvele ukungwaqazisa bese ulisebenzisa emshweni wakho kuvele ubuncane. (3)
- 3.2.5 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo uphindwe uwubhale.
Intsha yanamuyla izikhonzile lezizidakamizwa ezingekho emthethweni. (2)
- 3.2.6 Funda lesi simo sokukhuluma bese uphendula imibuzo ezolandela:
Ukuzigwaza ngowakho.
(i) Yini lena ozigwaza ngayo? (1)
(ii) Chaza lesi simo sokukhuluma. (2)
- 3.2.7 Ngabe kuliqiniso ukuthi abesifazane banakekela imizimba yabo ngoba bethokozisa abahlekisana nabo. Sekela impendulo yakho. (3)
- [16]

UMBUZO 4**Bukisia lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela:**

*UMNYANGO WOKUTHUTHUKISWA
KOMPHAKATHI*

ISIMEMO SABANTU ABASHA

UNgqongqoshe woMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi kaZwelonke umema abantu abasha ukuba baphelele ngothi lwabo emcimbini wokuthuthukisa ngokwamakhono ahlukahlukene.

INDAWO: Qalakahle Soccer Stadium
USUKU: 22 Meyi 2008
ISIKHATHI: 09H00

Amaqembu omculo adumile azobe eshiyelana inkundla.

- 4.1 Kungani amagama 'ISIMEMO SABANTU ABASHA' ebhalwe
ngosonhlamvukazi? (capital letters) (2)
- 4.2 Umbhali walesi sikhangisi uqonde ukuthini ngokushiyelana inkundla? (2)
- 4.3 Sizobasiza ngani abantu abasha lesi simemo? (2)
- 4.4 Yimuphi omunye umqondo ongavezwa igama elithi, 'abasha' ngaphandle kwalo oqondwe isikhangisi? (2)
- [8]**

UMBUZO 5

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

Ngikhule sihlala naye ekhaya eMlazi. Ubengenzela yonke into, ngifundiswe wuyena esikoleni ngaze ngafika ebangeni lesi-9. Ubengihambisa esikoleni aphinde angilande ngendlela abengithanda ngayo. Usengiqashe njengomphathi esikoleni esikhulu esisenkabeni yedolobha. Lokhu kungifundise ukuthi impatho enhle ayiqhamuki kumzali okuzalayo kuphela.

- 5.1 Ngikhule ngihihala naye ekhaya futhi ngifundiswa wuye esikoleni.
Nika umqondo ovezwa yizakhi ezidwetshelwe. (2)
- 5.2 Nika umehluko phakathi kwala mabizo:
(i) umphathi (1)
(ii) impatho (1)
- 5.3 Tomula umenzi nomenziwa kulo musho:
Ingane ihanjiswa ubaba esikoleni (2)
- 5.4 Igama 'inkaba' ngokwalesi siqeshana lichaza indawo ephakathi nedolobha.
Nika enye incazelo engavezwa yileli gama. Lisebenzise igama elithi 'Inkaba'
emshweni ozakhele wona. (2)
- 5.5 Tomula igama elichazayo kulesi siqeshana ku-5.1 bese ulisebenzisa emshweni
wakho. (3)
- [11]**

AMAMAKI ALESI SIQEPU: **40**

AMAMAKI ESEWONKE: **80**